KWAZULU-NATAL PROVINCE

AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# MEC HONOURABLE TP KAMADLOPHA–MTHETHWA'S SPEECH AND INTRODUCTORY REMARKS AT THE TITLE DEED HANDOVER

**DATE: 19 May 2025, Shekembula Sport ground, KwaDukuza, iLembe District Municipality**

Mqondisi woHlelo
Ngqongqoshe wezokuBuyiswa koMhlaba nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya uMhlonishwa Mzwanele Nyhontso Izinduna namakhosi oNdabezitha Ngokukhethekile Inkosi uMathonsi neNkosi uShinga Abefundisi Abakwa SAFDA beholwa uMadlala Amakhansela angaphansi kwesiFunda iLembe eholwa iMeya ehloniphekile uKhansela TP Shandu Amakhansela aKwaDukuza eholwa iMeya ehloniphekile uKhansela ME Ngidi Osingabo abazohlomula kuloluhlelo lwamatayitela Amalungu omphakathi wonkana Sanibonani Kuhlala kuyintokozo kithi njengoHulumeni ukuba sibe yingxenye yezinhlelo eziletha uguquko olukhulu ezimpilweni zabantu kuleli.

Ukunikezela ngobunikazi bendawo
noma ukuba netayitela kungenye yezindlela uhulumeni azama ngayo ukuletha isithunzi kubantu bakithi abampisholo. Sekuqumlando ukuthi ngonyaka u 1913 uhulumeni wamaKholoni waphasisa uMthetho wezokubuswa koMhlaba eNingizimu Afrika owawaziwa ngokuthi iLand Act noma iNaXves Land Act owawuvimba abantu abampisholo ukuba bathenge umhlaba owawusudliwe ngabamhlophe, waphinda lomthetho waphuca abantu abamnyama izindawo ezihlabahlosile, wabayisa kwalasha, ezindaweni okungalimeki kuzo, ezinamatshe namadwala nezikude nezizinda zezomnotho nasemadolobheni. KanX noMthetho iGroup Areas Act wango
1950 nawo wadlala indima enkulu ekuhlalisweni kwabantu nezindawo ababevumeleke kuzo.

Ngaphambi ke kuka 1994, ngenxa yalomthetho abantu abampisholo ababengamaphesenX angu 81, babenobunikazi bomhlaba ongu 7 wamaphesenX okwahamba kwahamba baba ngamaphesentu angu 13 anobunikazi bomhlaba.

Siyazi ke njengohulumeni woBumbano lokhu akwenele, yingakho sibambisene ukuthuthukisa isimo somuntu omnyama ngezinhlelo ezifuze lezi zamatayitela, azokwenza sibuyelwe isithunzi, siphinde sikwazi ukubambisa ngawo umhlaba ezindabeni ezithinta amabhange nokunye njalonjalo. Siyojabula futhi sizoneliseka mhla wonke umuntu wakuleli wabanendawo ethi yena ngokuthi abe namaphepha afanele ngaleyondawo.

Njengohulumeni sisasalelwe umsebenzi omningi ukuhlinzek ngamatayitela kwelengabadi, yingakho sibambisene ukuzohlonipha nina lapha KwaDukuza ngalamaphepha amqoka kangaka empilweni yomuntu wakithi.

Inhlosongqangi yohlelo lezokuBuyiswa komhlaba ukuqeda insila yobandlululo, ukungalingani nokuhlinzeka ngamathuba kwezomhlaba. Nginesiqiseko sokuthi sonke lapha singavumelana ngazwi linye ukuthi umklamo osukhathulwe uhulumeni ekubuyiseni umhlaba kubantu awenele.

Enye ke yezinsika zomphakathi ezibalulekile ezindaweni ezithinta umhlaba ubuholi bezoMdabu, KwaZulu-Natali.

Amakhosi njengoba ephathele abantu umhlaba weSilo siyawanxusa ukuba nawo abambisane nohulumeni kulezinhlelo. Amakhosi ngaphansi kweNgonyama Trust angamele umhlaba obalelwa ku 2.8 million hectares, esithi ke ngokubambisana nezinhlaka zikahulumeni kungahanjwa ibanga elide ukuxazulula izinkinga zomhlaba ezifaka phakathi ukuntula izindawo zokulima nokwakha nokwenza izinhlelo zamabhizinisi.